

Ukubhaliswa kokuzalwa sekudlule isikhathi esinqunyiwe

- Uma ungakwazi ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakho zingakapheli izinsuku ezingama-30, kuzodingeka ufake isicelo sokubhaliswa kokuzalwa osekudlulelwe isikhathi esinqunyiwe.
- Ngokomthetho, kuba yizakhamuzi kuphela, nabokufika osekungabahlali ngokugcwele kanye nabangababaleki abavunyelwe ukuba babhalise ukuzalwa kwezingane zabo ngemva kwezinsuku ezingama-30. Noma kunjalo, uma ungumuntu ocela ukukhoseliswa noma ongenawo amaphepha asemthethweni, kubalulekile ukuthi uzame ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakho.
- Uma ufaka isicelo sokubhaliswa kokuzalwa osekudlulelwe isikhathi esinqunyiwe, kuzodingeka ukuthi uphathe lawa maphepha alandelayo:
 - Ubufakazi bokuzalwa.
 - Ikhadi lasemtholampilo.
 - Amakhophi aqinisekisiwe ephasiphothi yakho, ivisa noma iphemithi (kungaba ekamama noma ekababa, noma okwabazali bobabili).
 - Ikhophi eqinisekisiwe yesitifikethi sakho somshado, uma ushadile.
 - Ikhophi eqinisekisiwe yesitifikethi sokufa, uma lowo obushade naye noma umlingani wakho eseshonile.
 - Incwadi efungelwe echaza ukuthi kungani ubhalisa ukuzalwa kwengane yakho sekudlule isikhathi esibekiwe.
 - Izithombe ezimbili zakamuva zikaMazisi zengane yakho, uma iminyaka yayo yobudala isingaphezulu kweyisi-7
 - Ukukhokhwa kwemali.

4

Ubunzima ongase ubhekane nabo lapho ubhalisa ukuzalwa kwengane yakho

- Uma imininingwane yakho noma yengane yakho ingabhalwanga kahle ekhadini lasemtholampilo, noma ebufakazini bokuzalwa, uMnyango Wezasekhaya ungenqaba ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakho noma wenqabe ukukhipha kabusha isitifikethi sokuzalwa esineminingwane efanele.
- Uma amaphepha akho noma kaphathina wakho esephelelwe yisikhathi noma uma oyedwa wenu noma nobabili ningenawo amaphepha asemthethweni, uMnyango Wezasekhaya ungenqaba ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakho.
- UMnyango Wezasekhaya uzoqinisekisa amaphepha akho ngaphambi kokubhalisa ukuzalwa kwengane yakho kanti lokhu kungase kuthathe isikhathi eside kakhulu.
- Ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakho kuzobambezeleka uma uyise wengane kudingeka ukuthi enze ukhulolwa okuqinisekisa ukuthi nguye ngempela uyise wengane (i-DNA).

Uma uhlangabezana nobunzima mayelana nokubhalisa ukuzalwa kwengane yakho, sicela uthinte i-ProBono.Org

JOHANNESBURG: 1st Floor West Wing,
Women's Gaol, 1 Kotze Street, Braamfontein 2017
telephone: 011 339 6080 **fax:** 086 512 2222
email: info@probono.org.za

DURBAN: Unit 310, 3rd Floor, Cowey Park, 91-123
Problem Mkhize Rd, Morningside, Durban 4001
telephone: 031 301 6178 **fax:** 031 301 6941
email: dbninfo@probono.org.za

CAPE TOWN: Unit 1021, 2nd Floor, Westminster House,
122 Longmarket St. (Cnr. Adderley St.), Cape Town 8001
telephone: 087 470 0721 **fax:** 086 665 6740
email: infocpt@probono.org.za

5

UKUBHALISWA KOKUZALWA KWENGANE

Mayelana nalabo abafuna indawo yokukhoseliswa, Ababaleki kanye Nabokufika

ZULU



Ikhava Isthombe sika-Pieter wase-Pixabay

Ilungisiwe ngu:



CLIFFE DEKKER HOFMEYR

INCORPORATING
KIETI LAW LLP, KENYA

Ilungiselwa:



Ukubaluleka kokubhalisa ukuzalwa kwengane yakho

- Zonke izingane ezizalelwe eNingizimu Afrika kumele zibe sezibhalisiwe zingakapheli izinsuku **ezingama-30** zizelwe.
- Uma ungakubhalisi ukuzalwa kwengane yakho, kuzoba nomthelela omubi empilweni yayo. Izohlangabezana nobunzima bokuthola lokhu okulandelayo:
 - **Ukunakekelwa ngokwezempilo:** Izibhedlela zingase zenqabe ukuyigoma noma ukuyilalisa ngaphandle kwesitifketi sokuzalwa.
 - **Ezemfundo:** nakuba kungekho emthethweni ukwenqatshelwa kwengane ukufunda, kodwa ezinye izikole ngeke zivume ukubhalisa ingane yakho uma ingenaso isitifketi sokuzalwa.
 - **Ubuzwe:** ingane ezalelwe eNingizimu Afrika kubantu bakwamanye amazwe ingafaka isicelo sokuba yisakhamuzi lapho ihlanganisa iminyaka engu-18 ubudala, uma ukuzalwa kwayo kubhalisiwe eNingizimu Afrika, futhi ihlale lapha impilo yayo yonke nakuba abazali bayo bengazange bamukelwe njengabahlali abahlala ngokugcwele noma njengezakhamuzi. Uma ukuzalwa kwengane yakho kungabhalisiwe, ngeke ikwazi ukufaka isicelo saleli lungelo.
- NgokoMthethosisekelo, yonke ingane inelungelo lokubhaliswa kokuzalwa kwayo – isigaba 28 soMthethosisekelo.
- kukho emthethweni ukuthi uMnyango Wezasekhaya wenqabele ingane yakho ilungelo lokubhaliswa kokuzalwa kwayo ngenxa yokuthi wena ungowokufika.

Uma uhlangabezana nobunzima bokubhalisa ukuzalwa kwengane yakho, sicela uthinte i-ProBono.Org.

1

Indlela yobhalisa ukuzalwa kwengane yakho eMnyangweni Wezasekhaya

ISINYATHELO 1

Ngemva kokubeletha, udokotela owakusiza ngesikhathi sokubeletha noma owakuhlola ngemva kokubeletha, uzokunikeza **ubufakazi bokuzalwa** kwengane yakho.

Ubufakazi bokuzalwa kwengane yakho buyincwadi ebalulekile njengoba iqukethe imininingwane yomzali (yabazali), imininingwane yengane kanye nekadokotela.

OKUMELWE UKWAZI: *uma ungabutholi ubufakazi bokuzalwa kwengane yakho noma isibhedlela senqaba ukukunikeza ubufakazi bokuzalwa kwengane yakho, sicela uthinte i-ProBono.Org.*

Uma ungabelethelanga esibhedlela, kumele kube nofakazi ozofakazela ukuzalwa kwengane yakho ukuze agcwalise futhi asayine incwadi efunjelwe. Lokhu kuzothathwa njengobufakazi bokuzalwa kwengane yakho.

ISINYATHELO 2

Kumele uhambise ubufakazi bokuzalwa kwengane yakho kanye nekhadi lasemtholampilo eMnyangweni Wezasekhaya, **zingakapheli izinsuku ezingama-30**.

Kuzodingeka uhambe nalawa maphepha alandelayo:

- Amakhophi aqinisekisiwe ephasiphothi yakho, ivisa noma iphemithi (kungaba ekamama noma ekababa, noma okwabazali bobabili).
- Ikhophi eqinisekisiwe yesitifketi sakho somshado, uma ushadile.
- Ikhophi eqinisekisiwe yesitifkethi sokufa, uma lowo obushade naye noma umlingani wakho eseshonile.

2

Uma abazali sebeshone bobabili, futhi uyisihlobo noma umnakekeli osemthethweni, kumele kube nguwe obhalisa ukuzalwa kwengane. Kuzodingeka ukuthi uhambise la maphepha alandelayo eMnyangweni Wezasekhaya:

- Ubufakazi bokuzalwa.
- Ikhadi lasemtholampilo.
- Ikhophi eqinisekisiwe kaMazisi wakho, iphasiphothi noma iphemithi.

OKUMELWE UKWAZI: *uma ubaba wengane efuna ukubhalisa ukuzalwa kwengane yakhe, kumele ahlolwe ngokohlelo lwe-DNA.*

ISINYATHELO 3

Uma ufika eMnyangweni Wezasekhaya, uzogcwalisa ifomu Lesaziso Sokuzalwa (BI-24) bese ulithatha leli fomu, kanye namaphepha akho asekelayo ukunikeze umsebenzi walapha.

Umsebenzi walapha uzokuthatha iminyatheliso yeminwe yakho, bese ebhala phansi ubudlelwane bakho nengane. Intende yesandla sengane yakho, unyawo noma iminyatheliso yeminwe yengane yakho nako kuzothathwa.

ISINYATHELO 4

Uma ukuzalwa kwengane yakho sekubhalisiwe, uMnyango Wezasekhaya uzokunikeza isitifketi sokuzalwa kwengane yakho esinininingwane kanina noyise wengane (esivame ukubhalwa ngesandla).

Akukhokhwa mali uma ubhalisa ukuzalwa kwengane yakho zingakapheli izinsuku ezingama-30. Kodwa-ke, kunemali ekhokhwayo uma ubhalisa ukuzalwa kwengane yakho emva kwezinsuku ezingama-30.

3